

Amacala ayinzondo Hate Crimes

Inhlangano iTreatment Action Campaign
eyaziwa ngokuthi i (TAC) iqale ukuse-
benzisana nabantu kanye nazo zonke
izinhlangano zaseNingizimu Afrika uku-
phikisana nokubulawa



NATIONAL: 34 Main Road, Muizenberg, 7945. Tel: 021-788 3507 Fax: 021-788 3726

GAUTENG: 185 Smith str, 9th Floor West Wing, Auckland House, Braamfontein, 2017. Tel: 011-339 8421 Fax: 011-403 1932

KZN: Unit A, 3rd Floor, Doone House, 379 Smith Street, Durban 4001. Tel: 031-304 3673 Fax: 031-304 9743

WESTERN CAPE: Community House, 41 Salt River Road, Salt River 7925 Tel: 021-447 2593 Fax: 021-448 0382

EASTERN CAPE: 57A Patterson Street, Southernwood, East London, 5200. Tel: 043 722 2646 Fax: 043-722 2642

MPUMALANGA: Rm. 305, Kamkholo Building, Brown St. Nelpruit, 1200. Tel: 013 755 2298 Fax: 013 752 7113

LIMPOPO: 26 Thabo Mbeki str, Office No.2 Als Smith Building, Polokwane, 0966. Tel: 015 556 3341 Fax: 015 556 3420

EMAIL: info@tac.org.za WEBSITE: <http://www.tac.org.za>



A South African fact sheet

Inhlangano iTreatment Action Campaign eyaziwa ngokuthi iTAC iqale ukusebenzisana nabantu kanye nazo zonke izinhlangano zaseNingizimu Afrika ukuphikisana nokubulawa kwezinkonkoni uSiza-kele Sigasa noSalome Masooa Siyavumelana nalezo zinhlangano ezibona lesi senzo esishaqisayo njengecala elidalwa inzondo.

Lokhu kubulwa kwabantu ngesihluku kwenzeka emphakathini lapho udlame, ukuhlukumezwa ngokubulali nokubulawa kwezingane, abantu besilisa nabesifazane kwenzeka mihla malanga.

ISIBALO SAMACALA ESIKHISHWE NGAMAPHOYISA

Ukubulala	19 202
Ukudlwengulwa	52 617
Ukuzama ukubulala	20 142
Ukulimaza ngodlame	218 030
Ukulimaza ngodlame okwejwayelekile	210 057
Ukulimaza ngodlame okunokuhlambalaza	9 367
Ukweba okungumphumela wesimo esithile	126 558
Ukweba okwejwayelekile	71 156

Ukubulawa nokuhlukumezwa kwabantu kusezingeni eliphezulu uma kuqhathaniswa nokwamazwe onke omhlaba. Ukuhlukumezwa kwabantu emakhaya okuyicala

PE ARGUS, TUESDAY, DECEMBER 22, 1998

HIV woman murdered after public confession

ARGUS CORRESPONDENT

Durban - Gugu Dlamini was brave enough to publicly disclose her HIV status at an AIDS education meeting in KwaMashu, north of Durban, to help others. She was repaid by being beaten and thrown into the mud by a group of thugs.

She was beaten so severely she died of her wounds in hospital last week.

eliphuma phambili akubikwa nokubikwa emaphoyiseni. Amacala amaningi njengalawo okudlwengulwa awabikwa ngokwanele emaphoyiseni isikhathi esiningi. Izibalo zamacala ezibhalwe phansi azibukhombisi ubulali, ubuhlanga, nesikhundla sabantu emphakathini, kanti aziwakhombisi amacala angena ngaphansi kohla lwamacala adalwa inzondo.


SNGENZANI UKUQEDA AMACALA OKUBULALA ADALWA INZONDO? NIKEZA IMIBONO YAKHO

Akuwona wonke amacala adalwa inzondo agcina ngokubulalana. Amanye ala macala aqala ngokuqalana, ukuqhwagelana, ukuhluphana, ukwesabisana kanye nokulimazana. Lokhu kwenzeka mihla namalanga ezikoleni, ezitaladini, emphakathini, ezindaweni zokusebenzela ngisho nasezindaweni zokukhonza

Abantu, imiphakathi kanye nezinhlangano ezifana neTAC kufanele zime ngomumo ukwazisa nokufundisa umphakathi ngokuhlonipha abantu bezinhlanga ezahlukene nangokulingana. Sinike owakho umbono. Yiziphi izinto esingazenza okufanele sizihlele? Singasebenzisana kanjani nezinhlangano ezizama ukulwisa udlame olubhekiswe kubantu besifazane? Singasebenzisana kanjani nezinhlangano ezifana nelezo zezinkonkoni, zababhacile kuleli kanye nezezinkolelo ezahlukene?



Deli. Leli bhomu lakhishwa amandla kwabe sekuqalwa uphenyo. Ngomhla ka-8 Juni 2000 ibhomu laqhumiwa ngaphambi kwayo futhi lestoranti ngo-7h45. Lalimaza abantu abathathu. . Inglangano IPeople Against Gangsterism and Drugs eyaziwa ngokuthi iPAGAD yasolelwa kakhulu ngokuqhunyiswa kwam-abhomu ngaleso sikhathi ePeninsula futhi yayikuqhakambisa kakhulu ukuzonda kwayo amaJuda. Umnikazi werestoranti uLeslie Milner wacabanga ukuthi ubudlelwano obukhona phakathi kwerestoranti namaJuda kungaba yimbangela yokuhlaselwa ngam-abhomu.



Amacala okubulala okudalwa ukuzonda imvelaphi yabantu nobuzwe babo

Ithemba lamaSomali lokuthola impilo engcono Ngo-Agasti 2006 amaphoyisa abika ukuthi iqembu labantu lihlasele amaSomali ahlala eMasiphumelele. IMasiphumelele ilokishi elincane labantu abamnyama eliseduze nolwandle edolobheni iKommetjie eKapa. AmaSomali athathelwa impahla yawo ashiselwa izitolo zawo aphoqwa ukuba abaleke ayo casha. Cisho bangaba ngu-80 sebe bonke abantu

ababalekayo. Kuwo lowo nyaka ukuhlaselwa kwamaSomali kwenzeka ezindaweni eziningi ezahlukene kwaba nomphumela wokubulawa kwamaSomali angu-27 abulewe esigodini saseKapa kuphela ngenyanga ka-Agasti. Abaphenyi bathi ububha kanye nokuthutheleka kwabantu abaningi basemazweni ase-Afrika kuleli sekudale umona nenzondo phakathi kwabantu ngalo mnotho.

ITAC isithathe isinqumo sokulwisa udlame lokuhlukumeza abantu besifazane. Kanti kunjalo nje namacala okuhlukumeza abantu adalwa ukungabathandi abanye nobandlululo aya ngokwanda. Sihlose ukusebenzisana nabo bonke abantu nezinhlangotho ukuqeda ukuhlukumezwa kwa-bantu ngokobulili namacala adalwa inzondo.

Le ncwadi ihlola amacala ehlukahlukene okubulala okudalwa inzondo.

Izinkonkoni zibulawe ngesihluku esishaqisayo

NgeSonto ngomhla ka-8 Julayi 2007, uSizakele Sigasa oneminyaka engu-34 obephethe izintambo zePositive Womens Network futhi engumlweli wamalungelo ezinkonkoni kanye nomngane wakhe uSalome Masooa oneminyaka engu-23 batholwa belinyazwe kabi babulawa ngesihluku esishaqisayo eMeadowlands eSoweto. uSizakele watholwa eboshelwe izandla emhlanje ngezingu-2 zakhe zangaphansi, amaqakala akhe wona eboshwe ngezintambo zezi-cathulo. Wayedutshulwe ngesihluku esishaqisayo, wayedutshulwe ngezinhlamvu ezintathu ekhanda nezintathu emqaleni. Lokhu kubulawa kwabantu ngalo luhlobo kudalwa inzondo

egcwele kubantu abangathandi abantu besifazane nezinkonkoni.

Amalunga eTreatment Action Campaign amaziyo uSizakele aqhathanise lokhu kubulala ngaphandle kwesizathu nokudlwen-gulwa nokubulawa kwevolontiya uLorna Mlofana, kanye nokubulawa kukaGugu Dlamini. Wonke la macala okubulala angumphumela wenzondo ebhekiswe kubulili ababuphilayo kanye nesifo segciwane i-HIV esiphethe laba bantu besifazane.

eNingizimu Afrika, amacala afana nalawa okubulala okudalwa inzondo avamile ukwenzeka nakwabanye abantu abakumaqembu ahlukene omphakathi. Ukwenzeka kwamacala adalwa inzondo akwamukelekile. ITAC izongenela umkhankaso ukuqinisekisa ukukhishwa komthetho ovikela abantu ababulawa ngoba bezondwa. ITAC ikholwa ukuthi umthetho ofana nalona uzonika umthethosisekelo wezwe amandla ngokuthumela umyalezo ocacile emphakathini ukuthi ukuhlukumezwa kwabantu abakumaqembu ayingcosana akwamukelekile. Sizofundisa amalunga ethu nawomphakathi ukuthi akwazi ukulwisana nobulelesi.

What is a hate crime?

Ubugebengu noma ngabe obunjani, kungaba ukwesabisa, ukuqhwagela, ukulimaza ngodlame noma ukugwedlungula nokubulala akwamukelekile. .

Kodwa ukuhlukumeza okudalwa inzondo, ukungathnadi abanye nobandlululo kungawabulala kuwaqede nya amaqembu abantu bezinhlanga, ubulili, inkolo ubuzwe nezikhundla abakuzo ezahlukenene. Isibonelo esingesidala salesi senzo ukubhujiswa kwabantu eRwanda , lapho abantu abangamaHutu babulala amaTutsi abalelwa ku-800 000 kanye nalawo maHutu ayezama ukubavikela. Esinye isibonelo esezinkambi zenhlangano eyaziwa ngokuthi iNazi lapho kwakubulawela khona amaJuda namakhomani, izinkonkoni nomahambanendlwane (gypsies).

Icala lokuhlukumeza okudalwa yinzondo liyisenzo sokungathandii abanye esiphelezela udlame, ukuhlupha, ukuqhwagela, ukuzwisa ubuhlungu nokwesabisa labo ababonwa njengamalunga amaqembu abantu abathile abazondekayo. La maqembu abhekene nephetheni efanayo yokubandlululwa

ngokobuhlanga, ubuzwe, uhlobo, ubulili, nangokobulili ababuphilayo, nangokuguliswa isifo segciwane i-HIV, ngokuswela indawo yokuhlala nangokwenkolo. Ukukhetha abantu, inzondo ukucwaswa nokubandlululwa kwala maqembu kuba umsusa obhebhethela phambili la macala. Lezi zizathu yizona ezisnikeza ulwazi ngezizathu ezingaba khona, ukuze kuqondakale imbangela yamacala adalwa inzondo. Amacala adalwa inzondo ehlela abantu ngabodwana, noma amalunga amaqembu abo kanye nomphakathi okhishwa inyumbazane.

Amacala okubulala okudalwa inzondo avame ukuba yizehlo ezikhungathayo nezigcwele ukwethusa nodlame olwesabekayo kanti futhi awabikwa ngokwanele. Lama cala okubulala okudalwa inzondo enziwa ngamaqembu aholwa ngabafana



Dlamini owesifazane oneminyaka engu-36 waphumela obala watshela umphakathi ukuthi unegciwane i-HIV. Kwakusemhlangebeni wokufundisa abantu ngesifo se-AIDS owawubizwe uMnyango WezeMpilo. Emuva nje kokuphumela obala, uDlamini wasolwa ngokuthi uphoxe umphakathi wavinjezelwa washaywa emzini wakhe oselokishini KwaMashu eThekwini. Ucingo azama ukulishayela amaphoyisa azange luphendulwe muntu.

Kuyo leyo nyanga, uDlamini washaywa ngamatshe wabulawa. NgoJuni 1999, kwavulwa uphenyo ukuze kuhloliswe imbangela yokubulawa kwakhe njengoba kwakungekho okuqhubekayo ngecala. Lolu phenyo lwathola ukuthi idokhethi yokuqala yayingasho lutho ngesimo sikaDlamini sokuba negciwane i-HIV njengembangela yokubulawa kwakhe. Akukho muntu owaboshwa ngokubulawa kwakhe.

ULorna Mlofana

NgoDisemba ngo-2003, uLorna Mlofana wadlengulwa ethoyilethi eshibhini eKhayelitsha. Kwathi uma umdlwenguli wakhe uNcedile Ntumbukane ethola ukuthi unegciwane i-HIV wambulala. UMlofane oyilungu leTAC wakhahlelwa emzimbeni nasekhanda emuva kokudlwengulwa. Umdlwenguli wamlimaza isitho sakhe

sangaphansi. Ngesikhathi elinyazwa kanjena, uVuyelwa Dlova nesoka lakhe babeya eshibhini, bathola uNtumbukane eshaya uMlofana.

Uma bezwa umdlwenguli ebatshela ukuthi umshayelani uMlofana, uDlova naye walekelela ekushayeni uMlofana ngoba ekholwa ukuthi uthelela abantu besilisa ngesifo se-AIDS elokishini. Ijaji uDumisani Zondi waseNkantolo eNkulu eKapa wagweba uNcedile Ntumbukane udilika jele ngokubulala kanye neminyaka eyi-shumi ngokudlwengula ehambisana kanyekanye neminyaka kadilikajele. UDlova oneminyaka engu-21, watholwa enecala lokuzama ukubulala ngokulekelela ukubulala. Wagwetshwa iminyaka eyishumi kwathi emithathu yeminyaka wanqunyelwa ukuba angatholakali enecala. Lokhu kwenzeka emuva kweminyaka emibili iTAC ilwa ikhankasa.

Amacala okubulala okudalwa ukuzonda izinkolelo zabanye

Ibhomu elaqhunywisa eNew York Bagel

Ngomhla ka-22 Meyi 2000, ngo-2 ekuseni, kwatholakala ibhому lihloisiwe eceleni komgwaqo eSea Point eKapa. Leli bhому latholwa ephaketheni elalibekwe phakathi kombhede wezimballi nodonga lwerestoranti iNew York

eKhayelitsha. uNkonyana nabangane bakhe wayekade evinjezelwe yintombazane efunda isikole imtshela ukuthi “baziphathisa kwabafana” abafuna “ukudlwengulwa” ngokusho komngane kaNkonyana

UZoliswa wayiphendula intombazane wathi ‘asiziphathisi okwabafana’ siziphilela ngendlela yethu, wena hlukana nathi’ Intombazane yahamba yayolanda abangane bayo, abafana abangabalelwa ku-20. Babemshaya ebusweni uZoliswa. Ngathi mangithi kuyena masibaleke wala wathi ‘Cha, yindawo yami, kungani kufanele ngibaleke?’. Babemshaya ngezinduku zegalofu. Ngesikhathi ngilele phansi ngazama ukuvuka ngabaleka ngeqa ucingo. UZoliswa wayebalekela ekhaya kodwa bashesha ukumfika. Babemshaya bemjikijela ngezitini esewile elele phansi. Baqhubeka nokumshaya elele phansi.

Yize icala likaZolisa Nkonyane lingakaqulwa, ubufakazi obukhona buyakhombisa ukuthi icala elifana naleli lokubulawa kwakhe lidalwa inzondo.

Ukudlwengulwa

uKeketso Khona wathi ehlan

ganisa iminyaka engu-18 wabe esedlwengulwe izikhathi ezintathu ngenxa yobulili abuphilayo. Enemyaka engu-13 wadlwengulwa amadoda ayisikhombisa. Ngesikhathi ezitika ngaye emdlwengula ayemtshela ukuthi ‘ukhokhela bonke abantu besifazane abanjengaye’ Umama kaKhona owangena ekamelweni lapho ayedlwengulelwe khona watshela indodakazi yakhe eneminyaka engu-13 ukuthi “kwenzeka kanjena emantombazaneni afana naye” Enemyaka engu-15 wadlwengulwa okwesibili yisoka lakhe ayengasathandani nalo ngoba wayala ukulala nalo. Okokugcina uKhona wadlwengulwa umuntu ongumngane womndeni wakhe owamtshela ukuthi “kufanele afundiswe ukuba ngumuntu owesifazane omnyama

Killer of HIV-positive woman pleads in mitigation of sentence

CAPE TIMES 06/02/2006.



Amacala okubulawa adalwa yinzondo ekhona ngesifo sabanegciwane i-HIV
uGugu Dlamini

Ngomhla ka-6 Disemba 1998, ngeWORLD AIDS DAY, uGugu

abadakwe izidakamizwa noma abaphuze utshwala futhi nabangaziwa ngabantu ababahlukumezayo.

La macala okubulala alandelayo enzeke lapha eNingizimu Afrika emuva kokubhalwa koMthethosisekelo. Angamacala angabe angene ngaphansi kwalawo adalwa inzondo ukuba umthetho wokuvikela abantu ubusuphasile. La macala akhombisa lawo maqembu angazuza ngokuba khona komthetho wokuvikela ukubulawa kwabantu okudalwa inzondo.

Amacala Adalwa Inzondo eNingizimu Afrika:

Amacala okubulala okudalwa ukuzodwa kwabantu abangenayo indawo yokuhlala

IWaterkloof 4

Ntambama ngomhla ka-1 Disemba 2001, indoda engaziwa igama layo yahlaselwa yalinyazwa ngabafana abane eConstantia Kloof, ePretoria. Ngelanga elilandelayo ekuseni kakhulu enye futhi indoda engaziwa igama layo yalinyazwa kabuhlungu, yagwazwa yashiywa kucatshangwa ukuthi ifile eMoretele Park. ePretoria. Le ndoda yesibili yagetshengwa iyodwa futhi ingaziwa muntu ephakini.

Lezi zigebugu ezinesihluku esingaka kwakungabelungu abasebancane abazonda abantu abamnyama abaswele indawo yokuhlala. NgoJuni ngo-2005 uChristopher Baker oneminyaka engu-21, uFrikkie du Preeze oneminyaka engu-21 kanye noReinach Tiedt oneminyaka engu-20 abaziwa ngokuthi yiWaterkloof 4 batholakala benecala lokubulala indoda engaziwa eMoretele Park nelokulimaza enye indoda eConstantia Park. Bobane laba bafana bagwetshwa iminyaka engu-12 ngokubulala nezinyanga ezimbili ngokulimaza ngodlame.

Lezi zigwebo zombili zizodonswa ngesikhathi esisodwa. Ngenkati iMantshi uKotze ekhipha isigwebo wathi “Laba ababizwa ngokuthi i-Waterkloof 4 ngamagwala abulale umuntu ngesihluku kodwa kuze kube namhlanje awakakhombisi lutho nokuzisola ngalokhu” kanti “akukho lapho bake bakhombisa nokuncane ukuzisola noma ubuntu ngesikhathi kuqulwa icala”.



Teen beaten to death for being a lesbian

Young woman chased, stoned and stabbed by a mob of township men after 'tomboy' taunts

Ukubulawa kwengane ehlala emgwaqeni

Ngomhla ka-16 Meyi 2004 entathakusa uJackson wayephuma eklabhini yasebusuku iTeazers ephakathi edolobheni laseKapa. Wathola ukuthi imoto yakhe kanokusho igqekeziwe phambi kweklabhu ekhoneneni lesitaladi iLoop noBloem. UJackson owake waba umnikazi wale klabhu wabe esethwesa icala, ngaphandle kobufakazi, uXolani Anthony Jodwana, ingane ehlala emgwaqeni eyabe ikule ndawo lapho kugqekezwe khona imoto yakhe. Wakhipha isibhamu wayidubula wayibulala le ngane eneminyaka engu-17. uXolani wadutshulwa ehlweni langakwesokunxele. Ngaphambilini, uJackson wayeke wamangalelwa wabekwa icala lokulimaza kabi enye ingane ehlala emgwaqeni.

Amacala okubulala okudalwa ukuzondwa kwezinye izinhlanga

Ukubulawa kwabantu bezinye izinhlanga eParys

Ngomhla ka-30 Okthoba 1999, ebusuku uJohannes Mattheys Smith oneminyaka engu-17, u-Adries Christiaan Viljoen oneminyaka engu-18, u-Etzue Christiaan Botes oneminyaka engu-19, no-Eben Morne Kruger oneminyaka engu-24 batshela abangane babo ukuthi emuva kokuqeda ukupbuza nokubhema insangu bayohlasela "abantu abamnyama." Ngomhla ka-31 Okthoba 1999, entathakusa, bahlasela uTshekiso Sam Lebatla oneminyaka engu-62, no-Andries Songelwa oneminyaka engu-56 babashaya babulala. Ngokufanayo, uSongelwa, owayenokukhubazeka akukho ayengakwenza ukuzivikela ezibhakeleni zababulali bakhe. IJaji uHancke wagweba abathathu iminyaka engu-20 ejele ngokubulala laba balisa abamnyama. Owesine u-Erben Morne kruger, owayemdala kunabo bonke futhi owabe eyiphoyisa wathola iminyaka engu-17 ngokubulala uLebatla. IJaji uHancke wamsola kakhulu uKruger ngokwehluleka ukwenza umsebenzi wakhe njengephoyisa nokungamlamleli umuntu omdala okhubazekile uSongelwa.

Amacala okubulala adalwa ukuzonda abantu abaphila ubulili obuhambisana nemizwa yabo.

Ukuqhumiswa kwebhomu e Blah Bar

Ngomhla ka-6 Novemba 1999, Iklabhu lasebusuku lezinkonkoni, iBlar Bar. Iashaywa ngebhomu eGreenpoint, eKapa. Leli bhomu lokuzenzela laqhuma ngoMgqibelo ekuseni emuva kwemizuzu engu-20 lishayile ihora leshumi nambili, eklabhini "esesigodini sezinkonkoni" esiseSomerset Street eKapa. Abantu abayisishiyagalombili abangamakhasitama amakhulu akuleli klabhu balimala kabi. Elinye ikhasitama, u-Adriaan Eksteen, walimala kakhulu. Izinyawo zakhe zacishe zangamuka. Akukho ukungabaza ukuthi inhloso yokushaya ibhomu kwakuwukuhlukumeza izinkonkoni Amaphoyisa akuvuma ukuthi lesi senzo



TEAMMATES: Murdered Zoliswa Nkonyana, far right, with members of her lesbian football club. A heartbroken friend says: 'I just don't know what we've done wrong'

sokuqhumisa ibhomu kwakungusabisa umphakathi wabantu abayizinkonkoni.

Oyinkonkoni washaywa wabulawa

Ngomhla ka- 4 Februwari 2006 uZoliswa Nkonyana oneminyaka engu-19 wabulalwa ngesihluku budebuze nekhaya lakhe